

SA EXAM PAPERS This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS
SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal



You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za



**SA EXAM
PAPERS**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

LWEZI 2025

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-3

Leli phepha linamakhasi ayisi-5.



IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.
2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwebo/ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.
6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansela ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi ayi-100
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-(2 x 40) 80
8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.



ISIQEPHU A: INDABA.**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo noma isihloko sendaba yakho.

- 1.1 Laphenya izulu, kwavela uthingo lwenkosazana [50]
- 1.2 Impilo yabantu isengcupheni ngemikhiqizo engekho ezingeni elamukelekile [50]
- 1.3 Ukuphumelela kwami kube ngumphumela wokusebenza kanzima [50]
- 1.4 Izingane zezigwili zingehluleka ukuzimela uma sezikhulile [50]
- 1.5 Ukukhethela abafundi izifundo okufanele bazifunde kuyalikhinyabeza ikusasa labo [50]

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6, 1.7 NOMA 1.8 bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6



[Sithathwe ku-www.pixaby.com]

[50]




1.7



[Sicashunwe ku-www.googlepictures.com]

[50]

1.8



[Sicashunwe ku-www.googlepictures.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A:

50



ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBULO 2**

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

2.1 INCWADI YAKOMKHULU/YASEMTHETHWENI/YOMSEBENZI

Usufike ebangeni lokuya enyuvesi emuva kokuphumelela kahle eBangeni le-12.

Bhala **incwadi yesicelo** somfundaze eya kuMasipala walapho uhlala khona, ucele usizo lwemali yokuyofunda enyuvesi.

[25]**2.2 INKULUMO-MPENDULWANO**

Umzali wakho ukhuluma nothisha wekilasi ofunda kulo mayelana nemiphumela yokuhlolwa kwakho kwaphakathi nonyaka.

Bhala **inkulumo-mpendulwano** ephakathi kukathisha nomzali wakho.

[25]**2.3 I-ATHIKHILI YEPHEPHANDABA**

Abantu bachitha isikhathi esiningi ezinkundleni zokuxhumana ngezinto ezingakhi.

Bhala **i-athikhili yephephandaba** ubeke umbono wakho ngalolu daba.

[25]**2.4 I-IMEYILI**

Ubuye eMnyangweni Wezasekhaya ukuyobhalisela umazisi. Impatho oyitholile ayibanga yinhle.

Bhala **i-imeyili** ukhononde kumphathi woMnyango ngalesi sehlo.

[25]**2.5 INKULUMO ENGALUNGISELELWE**

Eqenjini lebhola olidlalayo kufike abadlali abasha. Ucelwe ukuba wethule inkulumo yokubamukela njengoba ungukaputeni.

Bhala **inkulumo engalungiselelwe** ozoyethula ngosuku lokwamukelwa kwalaba badlali.

[25]**2.6 UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

Bekunomncintiswano wonobuhle noswenka esikoleni ofunda kuso. Kusuke uthuthuva ngemuva kwemiphumela yomncintiswano eyayingagculisi.

Bhala **umbiko ongabekelwe mgomo** ozowethulela uthisha ophethe isigungu sabafundi.

[25]